UMLAZI TIMES
26 Feb 2015, p.3

Kunikelelwe izikole zaseMlazi

Esithombeni uMnuz. Razak Moosa oyisikhulu sakwa Willowton Group, uProfessor Mashupye Kgaphola waseMangosuthu noMnuz. Malinbongwe Khumalo ofundisa iSayensi eMenzi High School

Lindiwe Mbambo

BEKUYINJABULO yodwa kothisha bezikole zaseMlazi, ikakhulukazi abeSayensi ngesikhathi abakwa Willowton Group bebanikelele ngezinsiza zesayensi.

Isikole ngasinye sithole izinsiza ezibiza u-R25 000 ngasinye. Izikole ezihlomulile yilezo eziphase lesi sifundo ngamalengiso, sakhethwa yisikhungo semfundo iMangosuthu University of Technology (MUT) emcimbini i-Circle of Excellence Awards obuseLangeni Hotel ngoLwesihlanu.

Izikole ezihlomulile kubalwa iMenzi High ethole u-98.5%, Ekwazini High ethole u-88% neVukuzakhe High ethole u-84%. Inhloso yalo mcimbi ukuhlonipha izikole zaseMlazi ezenze kahle kwibanga leshumi, nokugqugquzela lezo ezingaphasanga kahle ukuba zenyuse amasokisi. Phakathi kwezifundo okubhekwa kuzona kubalwa iZibalo, iSayensi ne-Accounting. Akukona okokuqala le nkampani inikela ngezinsiza zeSayensi, muva nje isanda kunikela ngezinto zeSayensi ezikoleni ezingu-20 zaseMlazi ezingabiza uR660 000, nakwezingu-4 zaseMgungundlovu. UMnuz. Razak Moosa, ongumphathi wakwaWillowton Group ikusasa leNingizimu Afrika nokunotha kwayo kulele ekwenyukeni kwenani labafundi abenza lezi zifundo.

"Sethemba ukuthi lezi zinsiza zizobasiza endleleni abaqhuba ngayo esifundweni seSayensi, ikakhulukazi labo abafunda emalokishini. Lokhu kuzobenzela ukuthi izinto zibe lula noma sebeya ezikhungweni zemfundo ephakeme. Laba bafundi bazoba nomthelela omuhle emnothweni, babe ngabaholi bakusasa," esho. Uthe kubalulekile ukuthi abafundi bahlonyiswe ngolwazi besasezikoleni ukuze bathi uma sebefika ezikhungweni zemfundo ephakeme babe sebenolwazi.UProf Mashupye Ratale Kgaphola oyi-Vice-Chancellor nothishanhloko wase-MUT, ubonge abakwaWillowton Group ngoxhaso lwabo, wathi lokhu kukhombisa ukusebenza ngokubambisana kwezinkampani ezimele zakuleli ngenhloso yokubhekana nezinselele ezibhekene neNingizimu Afrika. UMnuz. Malibongwe Khumalo onguthisha weSayensi eMenzi High uthe bayawuthokozela lo mnikelo, uzoba wusizo olukhulu ikakhulukazi kubafundi nothisha. "Izosiza ekutheni abafundi bakwazi ukukuqonda kahle ngezinto esisuke sibafundisa zone, bazokwazi ukuzibonela zenzeka". Lezi zinsiza zakhiwa abakwa -Edutrade nabakwaNew Africa Education Foundation abasebenza ngokubambisana nezikole, ngenhloso yokwenza isiqiniseko sokuthi ziqhuba kahle.